IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Jeremiya, Indoda Yezinyembezi

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Jonathan Hay; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Mary-Anne S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2023 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJeremiya wazalelwa ekhaya lenkolo embusweni wakwaJuda. Uyise, uHilikiya, wayengumpristi. Umndeni lo wawuhlala edolobheni okuthiwa yi-Anathothi elingekude neJerusalema. Mhlawumbe abazali bakaJeremiya babecabanga ukuthi naye uzoba umpristi. Kodwa uNkulunkulu wayenamanye amacebo.





Ngesikhathi uJeremiya ezalwa, abantu bakaNkulunkulu babengaphili ngokuvumelana neZwi likaNkulunkulu. Cishe wonke umuntu, kusukela enkosini kuze kufike esisebenzini esithobekile, babekhonza onkulunkulu bamanga - ngisho nasethempelini likaNkulunkulu elingcwele!



Lapho uJeremiya esemusha, uNkulunkulu wakhuluma naye. “Ngakwazi ungakazalwa,” uNkulunkulu watshela uJeremiya, “futhi nganquma ukuthi uzongikhulumela mina.”

Ubizo lukaNkulunkulu lwabonakala lumethusa uJeremiya. "Awu, Nkosi Jehova!" wakhala. "Angikwazi ukukhuluma, ngoba ngingumntwana." Wayengaphezu kwengane - wayeneminyaka engamashumi amabili ubudala. Kodwa uJeremiya Wayengacabangi ukuthi angakhulumela uNkulunkulu ebubini obumzungezile.




"Ungesabi," uNkulunkulu waqinisekisa uJeremiya. "Hamba lapho engikuthuma khona. Yisho noma yini engikutshela yona.
Mina nginawe futhi ngizokukhulula."
UNkulunkulu wabe esenza okuthile okukhethekile. UNkulunkulu wathinta umlomo kaJeremiya.

UNkulunkulu wanika uJeremiya amandla nesibindi nokuhlakanipha. Wakhuluma ngesibindi, ekhumbuza abantu ukuthi uNkulunkulu uyabathanda futhi ufuna ukubasiza. Kodwa akekho owamlalela. Ngisho nenkosi.



Ngisho nabapristi bathukuthela
bamtshela ukuba ayeke ukukhuluma ngoNkulunkulu.
Kwakukhona nabaprofethi bamanga ababethi
uJeremiya wayengakhulumi
iqiniso.



UJeremiya wakhumbuza abantu ukuthi eminyakeni engaba yikhulu ngaphambili, umbuso wakwa-Israyeli osenyakatho wawumshiyile uNkulunkulu. Izitha zawo, abase-Asiriya, zawanqoba futhi zathuthela wonke ama-Israyeli emazweni akude.


Manje abantu bakwaJuda, umbuso waseningizimu, babemshiyile uNkulunkulu. Amabutho ezitha kakade ayesehamba!
Ingabe uNkulunkulu wayeyovumela abantu Bakhe ukuba banqotshwe futhi bathunjwe nabo?

Abantu babethembe izithixo zabo. Ingabe izithombe zazingabasindisa ezitheni zabo? Cha! UNkulunkulu kuphela owayengabasindisa. Abantu bamthukuthelela uJeremiya, benza itulo lokumbulala. Kodwa uNkulunkulu wayivikela inceku Yakhe.



Ekugcineni, uNkulunkulu washo okuthile okumele ukuba kwamthusa uJeremiya. UNkulunkulu wathi: "Ningabakhulekeli lababantu. Ngeke ngibezwe lapho bekhala kimi becela usizo."



UJeremiya waxwayisa inkosi ukuthi yayizohlulwa empini nebutho laseBhabhiloni. Inkosi yathukuthela yafaka uJeremiya etilongweni. Ngisho nasetilongweni, uJeremiya waqhubeka eshumayela futhi ethembela kuNkulunkulu.



Esephumile etilongweni uJeremiya waphinde washumayela enkosini nakubantu ukuthi babuyele kuNkulunkulu babeke ithemba labo kuye. Kulokhu, inkosi yathi uJeremiya ehliselwe emgodini ojulile onodaka.



Kodwa uNkulunkulu wayesebenza enhliziyweni yenkosi. Wahlenga uJeremiya ngasese futhi wambuza ukuthi uNkulunkulu wayefuna yenzeni inkosi. "Hambani niye ekuthunjweni, futhi uNkulunkulu uthi niyophila," kwakuyimpendulo.



Ibutho laseBhabhiloni lanqoba iJerusalema noJuda wonke. Badiliza izindonga nazo zonke izakhiwo, bashisa yonke into. UNkulunkulu wathi abantu Bakhe babeyothunjwa iminyaka engamashumi ayisikhombisa,

futhi wayeyobabuyisela eZweni Lesithembiso.

Jeremiya, Indoda Yezinyembezi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

UJeremiya

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16